



ISITATIMENDE ESIHLANGANYELWE: UKUMINYANA EMNGCELENI

SOUTH AFRICAN REVENUE SERVICE (SARS)

SOUTH AFRICAN POLICE SERVICE (SAPS)

BORDER MANAGEMENT AUTHORITY (BMA)

ROAD FREIGHT ASSOCIATION (RFA)

SOUTH AFRICAN ASSOCIATION OF FREIGHT FORWARDERS (SAAFF)

ngolwesibili, 06 kuNhlanguana 2023

KUBO BONKE ABATHUTHIMPAHLA ABEQA UMNGCELE

Imingcele yaphansi okwamanje inesiminyaminya nokubambezeleka mayela nokudluliswa kwamaloli nezithuthimpahla emngceleni, kanti indlela engu-N4 eya eMaputo enqamula eLebombo yiyo ethinteke kakhulu.

UPhiko Lwemalingeniso Eeqwayo LwaseNingizimu Afrika (i-SARS), Umnyango Wamaphoyisa (i-SAPS), Iguna Lokuphathwa Kwemingcele (i-BMA), Inhlanguano Yezithuthi Zomgwaqo (i-RFA), kanye Nenhlangano YaseNingizimu Afrika Yezithuthi Zomgwaqo (i-SAAFF) basebenzisa ngokubambisana ngokukhulu ukuphuthuma ukulawula izingqinamba esibhekene nazo kanye nokubuyisela ukudluliswa esimweni esijwayelekile emngceleni.

Sicela bonke abezithuthi abathintekayo kanye nabashayeli bamaloli ukuba balekelele kulo mzamo, babekezele futhi bazibambe, futhi bangenzi izinto ezizokwenza ukuthi le ndlela yokugeleza kokuhamba kwezimoto okuhleliwe kwezimoto eziza nezidlula emingceleni yethu. Lokhu kubandakanya ukungathobeli imithetho yomgwaqo, ukuvimba izindlela, kanye nokuvimba amaloli engakwazi ukunyakaza.

Ukulawula ukunyakaza ngohlelo kwamaloli emngceleni kusemqoka ukuze amaloli ezokwazi ukudluliswa ngendlela engasebenzisi ubuchwepheshe ngalenkathi kusalindwe isisombululo kulezi zingqinamba zobuxhakaxhaka esibhekene nazo. Mayelana nalokhu, kanye nokuvimbela ukuminyana, sicela nokuthi amaloli angenaso isaziso esithi "*Proceed to Border*" angasondeli emngceleni futhi angamiswa emngceleni ngenkathi esalinde amadokhumenti agunyazayo. Sikhuthaza bonke abahwebi ukuba basebenzise uhlelo lokugunyaza ukudlula kwempahla okwenziwa ngaphambi.

Ababambiqhaza bangaqiniseka ukuba amathimba ethu ezobuchwepheshe asebenza ngokuzikhanda ukusombulula le nkinga esibhekene nayo. Izisebenzi zethu zisebenzisana ngokubambisana ekwenzeni konke okusemandleni ukudlulisa amaloli ngendlela endala yesandla ngokukhulu ukushesha kanti futhi sizimisele ukugcina umthetho nokuhleleka ezindleleni zezithuthi zempahla, kanjalo nasezindaweni ezilawula umngcele.

Sicela nisilekelele ekusabalaliseni lo myalezo kubashayeli benu nakubalingani ebhizinisini kanti futhi sizonazisa sininike nezakamuva ngenqubekela phambili eyenziwe ukulungisa lesi simo.

IYAPHELA